Ithemba Langempela Ngabathandekayo Bakho Abafile (Ingxenye 2)

Sisekelwe esahlukweni 7 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakalayo engosini ethi jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola lokho okufundiswa iBhayibheli futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.

SINGAQINISEKA KANJANI UKUTHI UVUKO LUZOBA KHONA NGEMPELA?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

UJehova unamandla okuvusa abathandekayo bethu abafile futhi uyafisa ukubavusa.
(Bheka isahluko 7 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli* izigaba 11-15.)

Funda u-Isaya 40:26.

Uma uJehova ekwazi ukubiza izigidigidi zezinkanyezi ngamagama, yini esingaphetha ngayo mayelana nekhono lakhe lokukhumbula abathandekayo bethu abafile?

Funda uJobe 14:13-15.

La mavesi abonisa kanjani ukuthi uJehova uyakulangazelela ukuvusa izinceku zakhe ezithembekile esezafa?

UJehova angavusa umuntu ekufeni kalula ngendlela ubaba avusa ngayo ingane yakhe ebuthongweni

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

Ithemba lovuko lisekelwe ngokuqinile emiBhalweni.

(Bheka isahluko 7 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli* izigaba 16-25.)

Funda uJohane 5:28, 29; 11:25.

Yini uJesu ayithembisa ngokuphathelene nalabo asebafa?

Funda u-Isaya 25:8.

Amazwi athi “uJehova ngokwakhe ukukhulumile” akuqinisekisa kanjani ukuthi uvuko luyokwenzeka ngempela?

Ubani wena obheke phambili ngokukhethekile ekumboneni ngovuko, futhi kungani?

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

Indaba yovuko izwakala iyiphupho nje.

UNGASE UPHENDULE . . .

Mhlawumbe abantu abaningi bangavumelana naleyo nkulumo. Kodwa engikukholelwayo kuhlukile ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufunda nalowo muntu?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

Angikaze ngibone muntu evuswa, futhi mina ngikholelwa entweni engiyibonayo kuphela.

UNGASE UPHENDULE . . .

Kuyiqiniso ukuthi akekho umuntu ophilayo namuhla owake wabona othile evuswa kwabafileyo. Kodwa ngikholelwa ukuthi kuyokwenzeka ngempela ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufunda nalowo muntu?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania